

Imibuzo & Izimpendulo

dablapmeds

The shortcut to your chronic medication

CCMDD: NHI initiative

IMIBUZO

Yini iDablapmeds?

Pho mina ngisizakala kanjani?

Ngabe loko sekusho ukuthi angisophinde ngivakashele umtholampilo futhi?

Ngiluthola kanjani lolusizo?

Yiziphi izifo ezingelapheki ezifakiwe ngaphansi kwe Dablapmeds?

Umhlengikazi wasemtholampilo akakangitsheli lutho ngeDablapmeds, ngabe loko kusho ukuthi angikhwalifayi?

Ngizokwazi kanjani uma sekufanele ngilande imithi yami?

Ngiyakwazi yini ukushintsha indawo engiyilanda kuyo imithi?

Kwenzekani uma ngilukhohlwa usuku okufanele ngilande ngalo imithi?

IZIMPENDULO

IDablapmeds yindlela enqamulelayo yokuthola imithi yakho yezifo zesikhathi eside. Isiza iziguli ezinezifo ezingelapheki noma eziqhuba isikhathi eside, ezisebenzisa imithi umsha ushile, ukuthi zikwazi ukulanda imithi yazo eduze kwalapho zihlala khona noma eduze kwemisebenzi yazo, ngaphandle kokuma emiggeni emide.

IDablapmeds ikunika ithuba lokukhetha ukuthi ufuna ukulanda imithi yakho endaweni eseduze kwekhaya noma emsebenzini wakho. Loko kuzokusiza ukuthi ungaloku uyokuma emiggeni emide. Uzothola imithi yezinyanga ezimbili ngesikhathi esisodwa, futhi uzovakashela umtholampilo kabili vo ngonyaka.

Kufanele uye emtholampilo uma uzizwa ungaphilile kahle. Lolu uhlelo lwamahhala nolukulungele, olukusiza ngokukulethela imithi yakho ngokushesha, kunokuthi uyolinda emiggeni yasemtholampilo.

Cela umhlengikazi noma udokotela wakho akubhalisele IDablapmeds. Uma ngabe:

- Uzinzile emithini yakho.
- Unenombolo esemthethweni ye-ID, ye-passport noma ye-asylum seeker (abacela ukukhoseliswa), futhi uma uthanda ukungena kululuhlelo.

Umeluleki wasemtholampilo uzoba nalo uhla lwazo zonke lezizifo, kodwa ezinye zazo yilezi:

- IDiabetes
- IHypertension
- IHIV
- IAsthma, nezinye eziningi.

Mhlawumbe uyakhwalifaya, vele ucele umhlengikazi noma umeluleki ngemithi ukuthi akubhekele.

Izinsuku ongalanda ngazo imithi zibhalwe ekhadini lokulanda imithi ozolinikwa. Ligcine liphephile lelikhadi. Uzophinde uthole neSMS ezokukhumbuzisa ukuthi uyilanda nini imithi.

Yebo. Ngesikhathi esilandelayo uma uya emtholampilo, lapho uzothola khona iprescription yezinyanga ezingu 6 ezilandelayo. Awukwazi ukushintsha indawo ngenkathi usephakathi neprescription ethile.

Uboqiniseka njalo nje ukuthi uyayugcina usuku lokulanda imithi olunikiwe. Uma wena ungeke uphumelele, qiniseka ukuthi omunye wabantu owabakhetha ukuthi bakumele bayakulandela imithi. Izindawo zokulanda imithi zivula amahora akulungele, okwenza kube lula ukuthi ungaphuthwa usuku lokulanda. Imithi yakho izogcinwa izinsuku ezingu 14 kuleyondawo oyilanda kuyo. Uma wehlulekile ukulanda iphasela lakho kuze kuphele lezosikhathi, uzokwesulwa kululuhlelo.

Manje usukulungele ukungena endleleni esheshayo nese duzane ebange empilweni, nge Dablapmeds, the shortcut to your chronic medication.

Eastern Cape, Free State, Gauteng, North West
Toll Free – 0800 214 761

Limpopo, Mpumalanga, Northern Cape
Toll Free – 0801 516 176

KwaZulu-Natal
Toll Free – 0800 212 350

The shortcut to your chronic meds.

Want to know how you can get your chronic medication quicker and more conveniently? We have the answers.

CCMDD: NHI initiative

IMIBUZO

Kwenzekani uma ngingayitholi imithi engayibhalelwa ngudokotela - mhlawumbe kuthiwe awutholakali noma kumbe nginikwe umuthi okungesiwona?

Ngingamthuma omunye umuntu ukuthi ayongilandela imithi yami?

Ngingumuntu ovela ngaphandle owacela ukukhoseliswa, noma-ke, nginePassport yangaphandle, ngiyakwazi yini ukubhalisela iDablapmeds?

Kudingeka ukuthi ngiphatheni ngenkathi ngiyolanda imithi yami?

Sengishintshe inombolo yecellphone yami, ngingalwenza kanjani ushintsho lwayo kululuhlelo?

Ngingamshintsha kanjani umuntu ongilandela imithi?

Ngikhathazekile ngokuthi abanye abantu bangahle bayibone imithi yami. Ngabe isongwa kanjani?

Kufanele ngenzenjani uma ngilahlekelwa yikhadi lami lokulanda imithi lakwa-Dablapmeds?

Ngabe lendawo yami engilanda kuyona imithi izobe ivuliwe ngesikhathi sobhubhane lwe COVID-19?

IZIMPENDULO

Xhumana ne help desk njengoba ibhaliwe ekhadini lakho lokulanda imithi, noma-ke tshela abasemtholampilo.

Yebo, ungaqoka abantu ababili abazokulandela imithi. Umuntu ozokulandela imithi yakho kudingeka aphaathe ikhadi lakho, iID yakho kanye neyakhe lapho eyolanda imithi yakho.

Yebo uyakwazi. Qiniseka ukuthi ubanika inombolo yakho ye-Passport noma ye-Asylum seeker kanye nosuku lwakho lokuzalwa olusemthethweni.

Phatha i-ID yakho, i-passport yakho, noma inombolo yakho ye-asylum seeker ebhalwe ekhadini lakho.

Xhumana ne help desk kulenombolo engakhokhelwa ebhalwe ekhadini lakho lokulanda imithi.

Khuluma ne-help desk kulenombolo engakhokhelwa ebhalwe ekhadini lakho lokulanda imithi, noma ushintshe lowomuntu ngokuzayo uma uvuselela iprescription.

Imithi ifakwa ebhokisini noma esikhwameni. Akukho muntu ozobona ukuthi kukhona mithi mini kulelobhokisi noma kulesikhwama, ivalelwe ngci.

Phuthuma emtholampilo uyocela elisha. Shayela ihelp desk enombolweni engakhokhelwa uzwe ukuthi lunini usuku olulandelayo lokulanda imithi.

Yebo, ukwethulwa kwemithi kungumsebenzi obalulekile, ngakho kuzoqhubeka ngaphandle kokuphazamiseka. Uzoqhubeka nawe nokuthola ama-SMS akutshela ngokufika kwemithi yakho, kanti izindawo okulandwa kuyo zizohlala zivuliwe. Uma, ngesizathu esithile, indawo yakho yemithi ivaliwe, uzokwaziswa nge-SMS ngenye indawo ongayilanda kuyo imithi. Kubalulekile ukuthi uqhubeke nokulanda imithi yakho yezifo ezingelapheki ngesikhathi esibekiwe sokuthi uyilande.